

Vuk'uzenzele

Produced by: Government Communication & Information System (GCIS)

English / isiZulu

July 2020 Edition



Mom with comorbidity beats COVID-19

Page 5



STAY SAFE

PROTECT SOUTH AFRICA

JOBS INSIDE:

Men must stop abuse



President Cyril Ramaphosa has read the riot act to abusive South African men, who harm women and children, saying the brutal attacks must come to an end.

Gender-based violence (GBV) has increased in the country amid the coronavirus (COVID-19) pandemic, which is affecting large parts of the world. This, the President said, means the country is waging a war on two pandemics.

Addressing South Africans recently, President Ramaphosa expressed deep-felt regret at the recent wave of fatal attacks on women of all ages.

"As a man, as a husband and as a father, I am appalled at what is no less than a war being waged against the women and children of our country. At a time when the pandemic has left us all feeling vulnerable and uncertain, violence is being unleashed on women and children with a brutality that defies comprehension.

"These rapists and killers walk among us. They are in our communities."

The perpetrators, the President said, are fathers, brothers, sons and friends. "[These are] violent men with utterly no regard for the sanctity of human life."

21 women and children murdered

Over the past few weeks, 21 women and children have been murdered.

"Their killers thought they could silence them but we will not forget them, and we will speak for them where they cannot," the President said, calling the victims by name.

They include Tshegofatso Pule, Naledi Phangindawo, Nompumelelo Tshaka, Nomfazi Gabada, Nwabisa Mgwandela, Altecia Kortjie and Lindelwa Peni - all young women who were killed by men.

"We will speak for the 89-year-old grandmother, who was

• Cont page 2



To read Vuk'uzenzele download the GOVAPP on:



Search for SA Government on Google playstore or appstore

CONTACT US

Vuk'uzenzele @VukuzenzeleNews

Website: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za

Email: vukuzenzele@gcis.gov.za
Tel: (+27) 12 473 0353

Tshedimosetso House:
1035 cnr Frances Baard and Festival streets, Hatfield, Pretoria, 0083

FREE COPY NOT FOR SALE



"MANJE SESIFIKILE ISIKHATHI SOKUTHI SONKE
SISEBENZISANE, NGENHLOSO YOKUHLONIPHA
U-NELSON MANDELA, SAKHE ININGIZIMU AFRIKA ENTSHA
FUTHI ENGCONO KUMUNTU WONKE WAKULELI."

UMONGAMELI CYRIL RAMAPHOSA

#SendMe

SIKWAKHELA INGOMUSO ELINGCONO
SIHAMBA EZINYATHELWENI ZIKAMADIBA



Intsha yaseNingizimu Afrika ingumthombo wogqozi nethemba

Amazwi ka-Frantz Fanon athi 'isizukulwane ngasinye kumele sithole impokophelo yaso' ayangifikela njalo uma nginethuba lokukhuluma nabantu baseNingizimu Afrika abasebasha.

Noma ngabe bahlala kuphi futhi noma ngabe benzani, bonke ngamunye banentshisekelo yokushintsha umhlaba.

Ngesikhathi befuna ngokungangabazeki ukuthuthukisa izimpilo zabo, bafuna futhi ukuba nomphakathi ongcono kanye nomhlaba ongcono. Bazibona bengamanxusa enguquko eyisisekelo.

Emlandweni abantu abasha bebelokhu behola ukuletha uguquko. Emashumini eminyaka embalwa edlulile, abantu abasha sebelwe izimpi eziningi zomzabalazo belwela ukungabikho kobulungiswa, kusuka ngowe-1968 kumbhikisho wabafundi e-Paris, kuya kumkhankaso ophikisana nempi eMelika ngowe-1960, kuya kumzabalazo ophikisana nobuqonela emazweni amaningi ase-Afrika nase-Asia, kuya ekulweni nobandlululo, kuya kumbhikisho yokulwela inkululeko yama-Arab i-Arab Spring.

Kungekudala nje, abantu abasha bebephambili kumkhankaso we #BlackLivesMatter ozuze ukwesekwa umhlaba jikelele emva kokubulawa kuka-George Floyd eMelika.

Emavikini ambalwa adlule, izishosho emhlabeni jikelele bezilokhu zifuna kususwe imifanekiso etusa ubulwane nodlame lokuhweba ngezizigqila kanye nobuqonela.

Embhikishweni waseNyuvesi yase-Oxford muva nje umbhikishi wayephethe uqwembe olunamagama athi 'Rhodes must Fall', ukukhala okuhlangene kwabafundi ezweni



lethu eminyakeni emihlanu eyedlule.

Abantu abasha emhlabeni jikelele bathole isisusa esisodwa. Babhidliza izithombe ezibaziwe nemifanekiso ecwasa ngokobuhlanga, bafuna kukhululwe ezemfundo, futhi bafuna zonke izikhungo zibhekane nokucwasa ngokobuhlanga nangokwenhlalo.

Manje, njengoba sihlonipha isizukulwane sangowe-1976 mhla ziyi-16 Nhlanguvana 2020, sithulela isigqoko intsha yaseNingizimu Afrika yangasemva kobandlululo, izindlifa ezifanelwe yileli lifa elihle kangaka.

Umsebenzi wesizukulwane sangowe-1976 kwakungukushabalalisa imfundo yobandlululo; okumele intsha yanamuhla iqhubele phambili umsebenzi wokubuyisana nokwenza izinguquko ezweni.

Esikhathini esizayo kuzothiwa lo nyaka, wezi-2020, kwakungukuqala kwesikhathi esisha emlandweni wabantu.

Igcwane le-corona aligcinanga nje ngokuthinta kanzima izimpilo zabantu kanye nokuphila, liphinde lanyakazisa

ukuphila emhlabeni jikelele.

Indlela ubhubhane olube yiyona lusikhumbuze ukuxhumana kwezinhlanga zabantu kanye nokungalingani okujulile okukhona phakathi kwamazwe naphakathi emazweni.

Lolu bhubhane lusinika ithuba 'lokulungisa kabusha' umhlaba esiwubona ngobulima bokuqhakambisa izinto ngokweqile, ubugovu kanye nokuzithiba hhayi nje kwicala lomuntu ngamunye kodwa emiphakathini yonke.

Abantu abasha basitshela ukuthi amagugu abalulekile obuqotho, isihawu kanye nobumbano kumele kube izimpawu zomphumela womphakathi omusha, nokuthi bazimisele ukuba ngamaqhawe alo mhlaba omusha, ongcono.

Ezingxoxweni engibe nazo nabantu abasha ngithe akumele sibukele phansi amandla ombono, ngoba imibono ingashintsha futhi isishintshe umhlaba. Imibono isikhuthaze inqubekelaphambili yabantu futhi iyona ezokwenza sikwazi ukuphendla indlela entsha esikhathini sangemva kwegci-

wane le-corona.

Labo bantu abasha baguqule imibono yabo yaba izenzo. Abavumelanga ukuntuleka kwezinsiza kubaphazamise. Bazitholele intuba emikhakheni eminingi kusuka ebuchwepshesheni obuphezulu kuya ekugcinweni kwemvelo.

Manje ukudlula ekuqaleni sizobheka umfutho wentsha yakithi wokusungula nokuqamba izinto ukuza nezisombululo zosizi lokuswelakala kwemisebenzi ezizosiza bona, nemiphakathi yabo.

Ngesikhathi esifanayo, ngiphosela inselele intsha yezwe lakithi ukusungula nokuqamba izinhlelo ezizosiza ukufezekisa amaphupho ethu okuthuthuka.

Ngowe-1961, i-Cuba eguqukileyo yathumela ibutho labafundi abangamavolontiya abasebasha ezintabeni nasezigidini ukuyokwakha izikole, bafundise ukufunda nokubhala nokuqeqesha othisha abasha. Namanje usathathwa njengomkhankaso oyimpumelelo kakhulu kunayo yonke emlandweni wesimanje.

Abantu bakithi abasha kumele basungule imizamo yokuthuthukiswa komphakathi futhi kumele kube yibona abayiholayo.

Njengoba benza emzabalazweni wokulwela ukulingana emfundweni ephakeme, umfutho omkhulu wentsha yakithi kumele usetshenziswe ukulwela ukufinyelela okulinganayo ekunakekelweni ngokwezempilo, ekuguquleni nakubunikazi bomhlaba futhi, okubaluleke kakhulu, ubulungiswa ngokobulili.

Njengabo bonke abantu baseNingizimu Afrika, ngiphazamiseke kakhulu ukwenyuka kwezininga lokubulawa kwabesifazane abasebancane bebulawa ngamadoda. Lezi

izenzo ezithusayo zobulwane ezingenandawo emphakathini wakithi.

Ubushosho obuholwa yintsha, ukuqwashisa kanye nokwelulekana kwentsha yizona zikhali zethu emizamweni yethu yokuqeda udlame olubhekiswe kubulili obuthile emiphakathini. Ngaso lesi sikhathi, kumele siqinise uhlelo lwethu lobulungiswa, siqinisekise ukuthi izigilamkhuba ziyajeziswa, kuqinise imithetho yebheyili noshwele nokuthi labo asebegwethwe udilika-jele babhadla ejele impilo yabo yonke.

Ngesikhathi lokhu kudinga umsebenzi womphakathi wonke, ngicela amadoda ikakhulukazi asemancane ukuqala umzabalazo wokulwa nodlame olubhekiswe kubulili obuthile. Uma singaqeda impi ebhekiswe kwabesifazane baseNingizimu Afrika, iphupho lomphakathi omusha lizolokhu liyize leze.

Labo bethu ababeyingxenyeyombhikisho wabafundi ngesikhathi sobandlululo sihlezi sibuzwa ukuthi sicabangani ngentsha yanamuhla. Kunokulingeka okukhona kokufisa ukubuyela emuva 'ezinsukwini ezimnandi' zepolitiki yabafundi nomzabalazo wentsha, okungeke kuphinde kube khona.

Kodwa ngendlela intsha yangonyaka odlule echaze ngayo umsebenzi wayo, intsha yanamuhla iwuchazile owayo.

Intsha yaseNingizimu Afrika yangowezi-2020 iyafika ebangeni eliphezulu elabekwa abangaphambili. Banethemba, bayabekezela futhi banesibindi, ikakhulukazi uma bebhakene nesimo esinzima kakhulu.

Bangumthombo wogqozi nethemba. Ngezenzo zabo, bakha umhlaba ongaphezu nje, kokulingana, osimeme futhi onokuthula. **1**

Umama onesifo esiyimbelesela unqobe i-COVID-19

U-INSAAF MOHAMMED uthi kubaluleke kakhulu ukuthi abantu baseNingizimu Afrika ikakhulukazi labo abanezifo eziyimbelesela bazibophezele empilweni yabo.

Silusapho Nyanda

Abantu abanezifo eziyimbelesela – njengesifuba somoya, umfutho wegazi ophakeme, izifo eziyimbelesela ezihambisana nezinsoko kanye nesifo sikashukela – bangahlangabezana nezipawu zegciwane le-*corona* (i-COVID-19) ezibucayi kakhulu, futhi bangafana nokufa ngenxa yengcindezi elethwa yileli gciwane emzimbeni yabo.

Ngenhlanhla enkulu, ngesikhathi udokotela osebenza eKapa futhi ongumama wabantwana abathathu u-Insaaf Mohammed (oneminyaka engama-40) uye wahlonzwa njengonegciwane le-*corona* (i-COVID-19) kwelinye icala eguliswa yisifuba somoya, nokwazile ukulawula lezi zimo futhi ngaphandle kokugula okutheni.

U-Mohammed usuleleke nge-COVID-19 eyithola kumkhenyana wakhe, osebenza elebhu yesibhedlela i-Groote Schuur. Indodana ka-Mohammed eneminyaka eyisikhombisa ubudala nayo ihlonzwe njengonegciwane.

Emva kokuhlonzwa njengezisulu zegciwane le-*corona*, bobathathu babe sebhala ngabodwana khona ekhaya labo. “Besihleli ngasodwana emagunjini ethu okulala, ngesikhathi umamezala wami onesifo sikashukela kanye nomfutho wegazi ophakeme kuyabongeka ukuthi yena akazange wesuleleka ngaleli gciwane – unakekele laba bantwana abanye ababili,” kusho u-Mohammed.

U-Insaaf Mohammed, ophethwe isifuba somoya, ukwazile ukunqoba i-COVID-19.



NgokoMnyango Wezempilo waseNtshonalanga Kapa, abantu abanesifo somfutho wegazi, isifo sikashukela kanye nesifo esiyimbelesela sezinsoko bangabanye babantu abalinyazwa kakhulu yi-COVID-19.

Mhla zingama-25 kuNhlaba, abantu abanalezi zifo ezilandelayo batshengise izimpawu ezibucayi kakhulu:

- Isifo somfutho wegazi, amaphesenti angama-58
- Isifo sikashukela, amaphesenti angama-56
- Isifo esiyimbelesela sezinsoko, amaphesenti ayi-17
- ISandulela Ngculazi, amaphesenti ayi-16
- Isifuba somoya noma izifo eziyimbelesela zokuphefumula, amaphesenti ayi-15
- Isifo senhliziyo, amaphesenti ayi-11
- Ukukhuluphala ngokweqile, amaphesenti ayi-13
- Isifo sofuba, amaphesenti ayi-13

- Isifo somdlavuzi, amaphesenti amabili
- Okunye ukugula okuyimbelesela, amaphesenti ayi-16.

U-Mohammed uthi ukwesaba kwakhe okukhulu kwakulele ekhlangabezane nezimo ezinzima zokuphefumula ngenxa ye-COVID-19.

“Ngihlangabezane nokuhlala ngikhathela, ukukhwehlela kanye nokucinana kwesifuba, nokuye kwaxazululwa yisifutho sami sesifuba somoya. Izimpawu zokugula kwami bezingebucayi njengezomkhenyana wami, obenezinhlungu umzimba wonke, ucanucanu, ukucinana kwesifuba, ukuphefumula kanzima, ukuvaleka kwamakhala, izikhwehlela esifubeni kanye nemfiva. Indodana yami yabanjwa imfiva izinsuku ezintathu, kodwa iye yalulama ngokuphuthuma emva kokunqoba lezi zimpawu zakhe,” kusho yena.

Umndeni ka-Mohammed ubuyilandela ngendlela yonke imithetho yenhlanzeko emsebenzini kanye nasekhaya, ukugwema ukwesulelana ngaleli gciwane. “Umndeni wami ubuqonda, uzinakekela futhi wesekana, futhi ubusilethela ukudla kwakusihlwa, kodwa kwesinye isikhathi umphakathi wakho ungekhombise ukunakekela futhi nobuhlungu obenziwaezinkundlenizoku-

xhumana kuyethusa,” kusho u-Mohammed.

UMnyango Wezempilo waseNtshonalanga Kapa uthi ukuphuza amanzi ngokwanele kanye nokubheka izinga likashukela wakho egazini, umfutho wegazi kanye nokubheka izinga lokushisa iyona ndlela yokulawula i-COVID-19, ikakhulukazi kubantu abanezifo eziyimbelesela.

Ukwengeza, umnyango weluleka abantu abanezifo eziyimbelesela ukuthi:

- Badle imithi yabo yokwelashwa ngendlela eyiyo, njengoba kusho ungoti wezokunakekelwa kwempilo.
- Bahlanze izandla zabo ngensipho namanzi okungenani imizuzwana engama-20, ngaphambi kokuba bathinte imithi.
- Bangalinge bayeke ukudla imithi yokwelashwa ngaphandle uma kusho ungoti wezokunakekelwa kwempilo futhi bangabelani namuntu imithi yabo.
- Bazame ukuvocavoca umzimba imizuzu engama-30 ngosuku.

Umnyango uthi abantu abanesifo sikashukela banamathuba aphezulu okuhlalngabezana nezimo zokugula okuqhamuka ne-COVID-19, kodwa ubungozi bokuthi lowo muntu angagcina egula kakhulu buncane uma nje izinga lakhe likashukela lilawuleka ngendlela eyiyo.

“Ngokuvamile, abantu abanesifo sikashukela yibona abasemathubeni amaningi okuthi bahlangabezane nezimpawu ezibucayi kanye nobunzima uma besuleleke ngegciwane le-*corona*. Njengoba abantu abanesifo sikashukela besengcupheni enkulu yezimpawu ezibucayi ze-COVID-19, ukuziqhelelanisa kubantu kuyagqugquzelwa lapho kungenzeka khona. Ukukhuluphala ngokweqile nakho kunobungozi bezimpawu ezibucayi ze-COVID-19.

Ukwehla emzimbeni, lapho kungenzeka khona, kuyagqugquzelwa.”

Ukuba ngumqemane

Emva kokuba ehlahiswe yedwana izinsuku ezi-14, u-Mohammed wabuyela emsebenzini. Uthi ukwelulama kuleli gciwane kushintshe indlela acabanga ngayo futhi abona ngayo impilo.

“Uwubonga kakhulu umndeni wakho kanye nezinto ezincane empilweni. Ngiyafisa sengathi abantu kunoma yiyiphi indawo yokusebenza bengathatha isibopho ngempilo yabo futhi bafundise imindeni yabo kanye nabantwana, ikakhulukazi njengoba abantwana sebebuyele esikoleni.

“Siza umntwana wakho ukuthi athole izindlela ezintsha zokutshengisa uthando ebanganini babo, ngaphandle kokusondelana kanye nokuthintana nabo. Yenza ukuthi umndeni wakho ubulale amagciwane ngaphambi kokuba ungene endlini, shiya izicathulo egalaji uma kufanele, khumula zonke izingubo zakho ugeze umzimba ngaphambi kokuba ubingelele umndeni wakho futhi qaphela kakhulu ezempilo ukuze ubavikele,” kusho yena.

Umnyango weluleke abantu abanezifo eziyimbelesela ukuba badle ukudla okunempilo, bazivocavoce njalo, bakwazi ukulawula ukhwantalala, balandele uhlelo lwemithi yokwelashwa kwabo futhi balandele izinyathelo zokuzivikela ezidingekayo. **1**

*Uma ngabe utshe-
ngisa ezinye zalezi
zimpawu, njengemfiva,
ukukhwehlela, noma
ukuphefumula kanzima,
shayela le nombolo
yezimo eziphuthumayo
ze-COVID-19 ethi:
0800 029 999 noma
thumela igama 'Hi' nge-
WhatsApp kule nombolo
ethi: 0600 123 456.

EZAKAMUVA NGE-COVID-19

Uhulumeni ulungiselela ukudlondlobala ngamandla kwe-COVID-19

UKULUNGISELELA UKUDLONDLOBALA okungenzeka kwezigameko ze-COVID-19 kuyaqhubeka njengoba uhulumeni kanye nomkhakha ozimele bakha izibhedlela zesikhashana, bethenga nezinsiza zokuzivikela futhi beqinisekisa ukuthi iNingizimu Afrika ikhiqiza imishini yokuphefumula.

Allison Cooper

Izigameko zesifo segciwane le-corona (i-COVID-19) kulindeleke ukuthi zenyuke kulamaviki ezayo futhi uhulumeni umatasa usebenza engaphumuli ukuqinisekisa ukuthi umkhakha wezempilo usesimweni esilulungele lolu bhuhane.

“Besilokhu sithenga izinsiza zokuzivikela (ama-PPE) emhlabeni jikelele futhi siqhubeka nokweseka izinkampani zalapha ekhaya ukuba nazo zikwazi ukukhiqiza lezi zinsiza zokuzivikela,” kuqinisekisa uMongameli u-Cyril Ramaphosa.

“Besilokhu sikhuphula izinga lengqalasisinda ezibhedlela, sihlela kahle nezibhedlela zesikhashana futhi sithola imibhede ukwengeza imibhede yeziguli esezihaqwe igciwane le-COVID-19,” engena.

Ekuqaleni kwenyanga kaNhlanguvana, ingaphezulu kwezi-27 000 imibhede yezibhedlela zomphakathi esibekelwe iziguli esezihaqwe i-COVID-19. Uma ngabe sekuphelile, izibhedlela zesikhashana zizoba nemibhede eyizi-13 000.



Izindawo zokugonqa kanye nezibhedlela zesikhashana

UNgqongqoshe Wemisebenzi Yomphakathi kanye Nengqalasisinda u-Patricia de Lille uthi:

- Izindawo eziyi-1 751 ziqokelwe njengezindawo zokugcina ngabodwana labo asebehaqwe igciwane, ezizoba nemibhede engaphezulu kwezi-129 600 kuzwelonke, kuzo zonke izifunda ezingama-44 kanye namadolobha ayisishiyagalombili.
- Izindawo ezingama-358 ziqokelwe isifundazwe saseNtshonalanga Kapa, ezizoba nemibhede engaphezulu kwezi-27 500.
- Izindawo ezingama-395 ziyi-

zahlolwa nguMnyango Wezempilo, ezizoba nemibhede eyizi-35 759.

- Izibhedlela ezingama-32 eMpumalanga Kapa, eziyi-19 KwaZulu-Natali kanye nezili-10 eMpumalanga sezikhonjwe njengezizovuselelwa futhi zilungiswe kabusha njengezibhedlela zesikhashana.
- Isikhungo i-Cape Town International Convention Centre, nokuyisibhedlela esikhulukazi zesikhashana ezweni, sine-mibhede engama-862. Silalise iziguli zaso zokuqala ezili-10 mhla zi-8 kuNhlanguvana.
- ENyakatho Ntshonalanga, amaqembu akha izibhedlela

zibekelwe ngokwengeza izakhiwo.

Isimo sokulungela i-COVID-19 e-Gauteng

UNdunankulu wase-Gauteng uMnu u-David Makhura uthi isifundazwe sesi:

- nemibhede eyizi-8 301 yasesibhedlela ekhona njengamanje,
- khuculule izibhedlela ebezi-vele zikhona zenziwa njengezindawo zezinsiza ze-COVID-19, nokwenze ukuba kube khona imibhede engama-555 ejwayelekile kanye nemibhede engama-308 yabagula kakhulu, senze amagumbi eziguli angunomphela kulezi zibhedlela

i-Kopanong, i-Jubilee, i-Chris Hani Baragwanath kanye ne-George Mukhari, nokwengeze ngemibhede engama-800, futhi siqinisekise ukuthi isikhungo sezempilo sase-Nasrec sibe nemibhede engama-500 emisha. NgoNhlaba, uNdunankulu u-Makhura wemukela umnikelo oqhamuka kwizinkampani zezi-moto i-BMW kanye ne-Nissan ukusiza ukwakha isibhedlela zesikhashana e-Rosslyn, e-Tshwane.

Izibhedlela zesikhashana eMpumalanga Kapa


EMpumalanga Kapa, isibhedlela zesikhashana esinemibhede eyi-1 000 sakhiwelwe enkundleni yezemidlalo i-Nelson Mandela Bay Stadium. Ezinye izinkundla zemidlalo ezisethenziswe njengezindawo zokugonqa kanye nezibhedlela zesikhashana, zibandakanya izinkundla zemidlalo i-Cape Town Stadium kanye ne-FNB Stadium.

Uhulumeni waseJalimani kanye nenkampani yezimoto i-Volkswagen yenze isethembiso semali eyizigidi ezingama-R107 nezosiza ukwakha isibhedlela zesikhashana eBhayi. Uma ngabe lesi sibhedlela sesikhulungele ukwamukela iziguli, sizokwazi ukungena imibhede eyizi-4 000.

Imishini yokuphefumula

Ngosizo ezingxenyeni ezahlukene zikahulumeni, izinkampani kanye nezinhlangano, iNingizimu Afrika ikwazile ukuqongelela izinsiza zokuzivikela, nezinye izinto zokwelapha kanye nemishini yokuphefumula.

Umshini wokwelapha osiza ngokuphefumula ngumshini osiza amaphaphu ukuthi asebenze ngokusezingeni eliyilo. Kanti uyaye usethenziselwe iziguli ezinenkinga yokuphefumula. Iziguli ezinesifo segciwane le-corona (i-COVID-19) ziyaye zibe nobunzima bokuphefumula. Uhulumeni wethula iProject Yemishini Yokuphefumula Kuzwelonke (i-National Ventilator Project) ngoMbaso, ukuze kwakhiwe imishini yalapha ekhaya ngenxa yokwenzeka kwale mishini emhla-



“Silokhu sithuthukisa ingqalasisinda ezibhedlela, silungisa izibhedlela zesikhashana futhi sithola sengeza nemibhede yeziguli ze-COVID-19”

beni jikelele. Kuyathembisa ukuthi umkhiqizo uzoqala ngoNhlanguvana futhi uhulumeni unethemba lokuthi imishini yokuphefumula eyizi-20 000 izokhiqizwa ezinyangeni ezizayo. Isikhwama Sobumbano sizinikele ngoxhasomali oluzosiza ekutholeni imishini yokuphefumula engama-200, ezonikezelwa ezibhedlela eziyidingayo.

Izwe laseMelika selinikele ngemishini yokuphefumula eyi-1 000 lapha eNingizimu Afrika, engama-20 yayo yemukelwa nguNgqongqoshe Wezempilo u-Zweli Mkhize ngoNhlanguvana. Yafakwa esibhedlela esise-Soweto i-Chris Hani Baragwanath Academic Hospital. Umnikelo olandelayo uzosethenziswa ezikhungweni zaseNtshonalanga Kapa.

Izinsiza zokuzivikela zabasebenzi bezempilo

Okunye okuseqhulwini kwiSikhwama Sobumbano ukuthumela izinsiza zokuzivikela kubasebenzi bezokwelapha njengodokotela kanye nabahlengikazi. Lesi Sikhwama, esesiqongelele izigidigidi eziyi-R2.61 kuze kube manje, sisize ekutholeni izinsiza zokuzivikela

ezizokwazi ukuthi zihlale izinyanga ezimbili emisebenzini yomphakathi yezempilo kanye nakubasebenzi bezempilo yomphakathi.

Noma kunjalo, kusenokwenzeka kwezinsiza

zokuzivikela emhlabeni jikelele, kubandakanya nayo iNingizimu Afrika.

Izinkampani ezinikele ngezinsiza zokuzivikela, okubandakanya Amabhizinisi aseNingizimu Afrika, i-Naspers, i-First National Bank, i-United Pharmaceutical Distributors, i-People's Republic of China, Inhlanguvana Yezempilo Emhlabeni jikelele, inkampani yezimoto yakwa-Ford kanye neSikhwama Sobumbano.

Kucelwa bonke abasebenzi bezempilo

Banngi abasebenzi bezempilo abazodingeka njengoba izinga labantu abahaqwe i-COVID-19 lenyuka nje futhi uhulumeni uye wamemezela nakulabo basebenzi bezempilo abangasebenzi kanye nodokotela ukuba baxhumane nezifundazwe zabo.

“Siphakamisa isimemezelo kubo bonke ochwepheshe bezempilo, ngisho nalabo asebathatha umhlalaphansi, ukuba baphumele obala futhi bavumele ukuqashwa kabusha – noma kuzoba kungokwesikhashana nje,” kusho uNgqongqoshe uMkhize.

Uhulumeni uphinde waphaka odokotela base-Cuba abangama-217 ezweni lonke jikelele.

